



agriculture & rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

KZN Department of Agriculture & Rural Development
Private Bag X9059, Pietermaritzburg, 3200

Enquiries: Nalini Dickson
Tel: 033-3559300 or 0832340475

Fax: 033-343 8255
Toll-Free: 0800 000 996
Email: Nalini.Dickson@kzndard.gov.za

AMAZWI OKWAMUKELA KANGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU- NATALI, UMNUZ THEMBA MTHEMBU, AZOWETHULA EMCIMBINI WE-DAFF WOKUBUNGAZA I-NELSON MANDELA DAY

ULWESINE, 21 JULAYI 2016

INDAWO: MELMOTH SPORTS GROUND

Mphathi woHlelo, iNhloko yoMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa
kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uDkt SF Mkhize

UNgqongqoshe wezoLimo, Amahlathi nokuDoba, uMhlonishwa uSenzeni
Zokwana

IPhini likaNgqongqoshe wezoLimo, Amahlathi nokuDoba, uGeneral Bheki Cele

IMeya kaMasipala wesiFunda Uthungulu, uKhansela T Mchunu

IMeya yaseMthonjaneni, uKhansela M Nkosiphuli

Amakhansela onke akhona

Amakhosi neziNduna

Izikhulu nabasebenzi bakahulumeni kusuka kuZwelonke, esiFundazweni nakhona
lapha esikhona namhlanje

Abaholi bomphakathi

Bafowethu noDadewethu

Angibonge kuwe Mhlonishwa Zokwana ngokuletha lapha kuMasipala
waseMthonjaneni lo mcimbi wokubungaza usuku lokuzalwa kukaTata Madiba.
Njengoba sazi, imibungazo yethu idinga ukuthi kube khona okuthile esikwenzayo
egameni likaTata. Njalo nje siye sihlabe ikhwelo lokuba kwenziwe izinto
ezizoletha uguquko kubantu abahlwempu nalabo abangenawo amandla okuzisiza
emiphakathini yakithi.

Bahlonishwa, uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi
yaseMakhaya eKZN ukweseka ngenhliziyo emhlophe ukwenziwa kwalo mcimbi

njengalokhu ugcizelela isidingo sokuba kuqinisekise ukugcinwa kokudla kukhona esizweni. Kunikeze namuhla imindeni engu-27 entulayo izinsiza zokwenza izingadi ukuze iqale izingadi zokutshala ukudla ngenhloso yokutshengisa ukuthi ezolimo zingaletha indlela enenqubekela phambili yokuziphilisa.

Siyazi-ke ukuthi lokhu kuyizinkomba zokukhulu okusezayo. Thina esivele sisemkhakheni wezolimo njengamanje lokhu kusikhumbuza ukuthi kumele sisebenze zonke izinsuku ukuqinisekisa ukuthi imiphakathi yakithi ihlala inakho ukudla.

Ngesikhathi ngiqokelwa ukuba kulesi sikhundla umyalezo wami engawubhekisa kubasebenzi boMnyango wathi kumele kube yithi esihola umkhankaso woguquko emkhakheni wezolimo jikelele. Ngathi kumele sibe yizishosho eziphusha umkhankaso wokugcinwa kokudla kukhona futhi ngaleyo ndlela siqinisekise ukuthi akekho ocindezelwa yindlala.

Okwamanje sibhekene nenkinga yokumba eqolo kwentengo yokudla ezitolo futhi njengoba sihlabela phambili, kuhle ukuba sizifundise ukutshala ukudla kwethu ukuze kwehle ijoka lokubiza kokudla.

Ngakho-ke kumele siqinisekise ukuthi labo abampofu bayazithola izinto ezizobalekelela bakwazi ukuzitshalela okwabo ukudla.

Ngiyajabula ukusho ukuthi lapha KwaZulu-Natali kuze kube manje kunemindeni engu-300 000 ebintula ukudla ethola usizo lwezolimo. Futhi kulinywe umhlaba ongaphezulu kwamahlektha angu-27 000 ukuze kukhiqizwe ukudla. Kusungulwe nezingadi ezingaphezulu kwenkulungwane kwabuye kwaqalwa izingadi ezingu-300 ezikhungweni kuhlenganisa namathanela angu-385 emisebenzi yezolimo.

Isamba semali engu-R34 million sibekelwe ukuba siphathe imisebenzi enhlobonhlobo yezolimo koMasipala abehlukeneyo. Usizo lwezolimo olutholakalayo okuhloswe ngalo ukuba kugcinwe ukudla kukhona luqukethe izimbewu, izitshalo zemifino kuhlenganisa izinkukhu zesiZulu, ezizalela amaqanda nezimbuzi zesiZulu. Kujongwe ukuba imindeni ikwazi ukubambisana futhi iqale imisebenzi ezokwenza inzuzo.

Lokhu siyaqonda ukuthi kuseyisiqalo futhi siyazi ukuthi kusekuningi okumele sikwenze ngakho lokhu kithi kuyisikhumbuzo sokuthi kusamele siluqinise uhlelo lwezingadi, imisebenzi yokulima nokudidiyelwa kwemikhiqizo yezolimo kusamele kuthuthukiswe.

Yingakho singenayo indlela yokujikela emuva kwendlu kodwa kumele inkunzi siyibambe ngezimpondo. UTata Madiba wasikhumbuza nanka amazwi, ngiyamcaphuna: "Uma ubuphofu busaqhubeka nokuba khona, ukungabi nabulungisa, nokungalingani kuqhubeka nokwanda, akekho okumele aphumule."

Bafowethu noDadewethu, umbiko wango-2015 wenhlangano ebhekele ukudla nezolimo emhlabeni i-Food and Agricultural Organization (FAO) owakhishwa ngaphansi kwendikimba ethi State of Food Insecurity in the World waveza ukuthi indlala ibulala abantu abaningi ukwedlula ingculazi, umalaleveva ne-TB sekuhlanganiswe ndawonye.

Le nhlangano yabuye yaqaphela ukuthi ukwenyuka kwentengo yokudla kubakhinyabeza kakhulu labo abadla imbuya ngothi. Lokhu kuchaza ukuthi uma

ukudla kwenyuka abathengi babe sebethembela ekudleni okushibhile futhi isikhathi esiningi okungenawo umsoco oletha impilo enhle. Abenza ucwaningo mayelana nokondliwa kwezingane i-Lancet Series on Maternal and Child Nutrition bathi ukungondleki ngendlela nokudla ukudla okunganemsoco kuholele ekufeni kwezingane ezingaphansi kweminyaka emihlanu ezingamaphesenti angu-45. Sizokhumbula-ke ukuthi uMandela wayezithanda kanjani izingane futhi njengalokhu sifuna ukuba yizishosho zezolimo nje kumele siqikelele ukhti kukhona ukudla okwanele kwezizukulwane ezizayo eNingizimu Afrika.

Angiphinde ngikubonge kakhulu Mhlonishwa Ngqongqoshe uZokwana ngokuba wenze lo mcimbi kule ndawo esikuyo futhi ngiyathanda nokuba ngiwubonge umphakathi walapha esiFundeni uThungulu ngokuphuma ngothi lwawo.

Sengiphetha, ngizophinde ngicaphune emagameni ashiwo uTata uMadiba owathi: "Ukunqoba ububha akuyona nje into eyenziwa ngenxa yokupha, kodwa kuwukwenza ubulungisa. Ngokufanayo nobugqila nobandlululo, ubuphofu abuyona into ezenzakalelayo. Ukuhlupheka kwenziwa ngabantu ngakho yibona futhi abantu abayokwazi ukubuqeda."

Emiphakathini ekhona lapha ngiyathanda ukuba ngisho ukuthi njengoHulumeni silapha ukuzoletha izidingo zenu. Imizamo yethu ihlose ukuba sinisize nithole impilo engcono.

Siyabinga